MADUZE NJE ABANTU BAKWAJIKA JOE SEBEZOHLALA NGOKUPHEPHA NOKUNETHEZEKA

UNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi, uMnu. Ravi Pillay, usanda kuhambela indawo lapho kuzokwakhiwa izindlu ezizodla imali elinganiselwa ku-R441 million ezakhelwa umphakathi wakwaJika Joe, okuyindawo esenyakatho yedolobha uMgungundlovu, egudle umqwaqo onguthelawayeka u-N3.

Lo mphakathi wakwaJika Joe uhlala ezindlini ezakhiwe ngakhalibhothi kanye nothayela. Iningi labahlali bakule ndawo abantu abasuke le emakhaya ngenxa yohaqwa ububha base befudukela lapha edolobheni ukuzofuna umsebenzi.

Ngenhloso yokuphucula lesi simo salaba bahlali bakuWadi 33 ngaphansi kukaMasipala uMsunduzi, uMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu KwaZulu-Natali ugunyaze ukwakhiwa kwezindlu ezinamakamelo amabili eziyi- 1 164 ezizoqashiselwa imindeni ehola kusukela kuma-R800 kuya ku-R3500. Emva kokuhanjelwa kwale ndawo, ithimba elaliholwa nguNgqongqoshe u-Ravi Pillay, uNgqongqoshe Wezokwenganyelwa Komasipala kanye Nezindaba Zomdabu uNkz. Nomusa Dube-Ncube, izikhulu eziphezulu zikaMasipala uMsunduzi kanye nezikaMasipala weSifunda uMgungundlovu, kwabe sekuqinisekiswa ukuthi ukwakhiwa kwalezi zindlu kuzophothulwa ngonyaka wezi-2020.

I-Motheo Construction okuyinkontilaki eyakhayo seyiqalile ivula isiza kanye nemigudu yamapayipi amanzi.

Kumanje abantu abangama-20 abadla imbuya ngothi abangabahlali bakwaJika Joe sebethole umsebenzi kuwona lo mklamo, benza imisebenzi ebandakanya imisebenzi engadingi makhono enhlonhlobo kanye nokuba ngonogada.

Ukumenyezelwa kwalezi zindaba ezimnandi kanye nokwethulwa kwenkontilaki ezokwenza umsebenzi kuwuthokozise kakhulu umphakathi, kwaqhuma umkikizo nenhlokomo yenjabulo, njengoba ubuphume ngobuningi ukuzozibonela ngamehlo kuqala umklamo ozowulethela ukuphepha nokunethezeka emva kweminyaka emininingi yenhlupheko.

UDalisu Ngubo oyi- Civil engineering technician elandisa USekela Meya WaseMsunduzi uThabani Zuma, iMeya yeSifunda uMgungundlovu uThobekile Maphumulo, uNgqongqoshe woMnyango Owengamele Omasipala kanye Nezindaba Zomdabu uNomusa Dube-Ncube kanye noNgqongqoshe Wezokuhlaliswa kwabantu kanye Nezemisebenzi Yomphakathi uMnu. Ravi Pillay ngokuqhubekayo maqondana nomklamo wokwakhiwa kwezindlu kwaJika Joe ngesikhathi bevakashele indawo yesakhiwo